



**Address by Her Worship, the Mayor, Cllr Zandile
Gumede on the Occasion of Abahlali BaseMjondolo
Movement SA Annual Heritage Day Event and unveiling
ceremony for the late Thuli Ndlovu**

**01 October 2016 – 10h00
KwaNdengezi**

Address by Mayor Cllr Zandile Gumede at the Abahlali BaseMjondolo Movement SA Annual
Heritage Day Event and Unveiling Ceremony for the late Thuli Ndlovu, 01 October 2016

- Mphathi wohlelo,
- UMengameli we-Abahlali BaseMjondolo Movement SA,
uMnu uSbu Zikode,
- Ubuholi namalungu enhlangano Abahlali BaseMjondolo
Movement SA,
- Abaholi bendabuko nabezenkolo,
- Izihambeli zethu ngokuhlukana kwazo,
- Umphakathi wonke,
- Nabo bonke abakhona namhlanje,

Address by Mayor Cllr Zandile Gumede at the Abahlali BaseMjondolo Movement SA Annual
Heritage Day Event and Unveiling Ceremony for the late Thuli Ndlovu, 01 October 2016

Sanibonani!

Ngicela ukuqala ngokubonga ubuholi bale nhlango ngokusimema siwuMkhandlu. Siyabonga kakhulu, ngiyajabula ukuba nani.

Namhlanje sihlango la ngezinto ezintathu; ukuzovala inyanga yamaGugu, ukuzokwenza isikhumbuzo sesishosho senhlango Abahlali baseMjondolo uThuli Ndlovu kanye nokuzonazisa ngezinhlelo zoMkhandlu weTheku zokuhlinzekwa kwezidingongqangi.

Address by Mayor Cllr Zandile Gumede at the Abahlali BaseMjondolo Movement SA Annual Heritage Day Event and Unveiling Ceremony for the late Thuli Ndlovu, 01 October 2016

Mphakathi wakithi, sigubha inyanga ebaluleke kakhulu ngaphansi kwesimo esidabukisayo kakhulu. Sekuphele unyaka selokhu kwabulawa elinye lamalungu enhlangano Abahlali uThuli Ndlovu waKwaNdengezi. Izinsolo zikhomba ukuthi ukubulawa kwakhe kuhlobene nezombusazwe.

Njengobuholi baseThekwini, asihambisani neze nokubulawa kwabantu ngalolu hlobo. Sigqugquzela futhi siqhakambisa ukuthula nokubekezelelana emiphakathini.

Mphathi hlelo, eThekwini siyayihlonipha inyanga yamaGugu ngoba siyiDolobha elinamasiko ahluhahlukene futhi lapho uthola khona zonke izinhlobo zamasiko.

Kubalulekile ke ukuthi singavumeli ukwehlukana ngokwamasiko ukuba kusehluhanise, kodwa kumele samukele, sigubhe siphinde sifunde okuningi ngamasiko ethu ahluhahlukene.

Ukugqugquzela ukuhlalisana ngokuzwana emiphakathini, uMasipala usuqalise izinhlelo eziningi ezizoqinisekisa ukuthi nakanjani siyawufeza lo mbono.

Ukubaluleka kokuhlalisana ngokuzwana emphakathini kungenye yezinto ezisohlelweni lwethu lwentuthuko esizibophezele kulo kule minyaka emihlanu. UMkhandlu kuyaphoqa ukuba ube nohlelo olwaziwa nge-Integrated Development Plan olubeka ngokucacile izinhlelo zoMkhandlu zokuletha izidingo ngqangi kanye nentuthuko.

Sizimisele singuMkhandlu weTheku ukusebenzisana nezinhlango zomphakathi njengAbahlali BaseMjondolo ukuze senze indawo yethu ngungqa phambili.

Mphakathi wakithi, ngifisa ukubonga ithuba eningiphe lona ukuze ngikwazi ukuba kanye nani namhlanje osukwini oluhle kangaka. Ngizogubha kanye nani ngiphinde nginibikele ngezinhlelo zoMkhandlu wethu waseThekwini. Kubalulekile ukuthi sizixoxe izinhlelo zentuthuko, siphinde sithole izimvo zemiphakathi eyehlukene.

Sizinikele ekusebenzeni nabo bonke abantu, izinhlango eziphikisayo, uhulumeni, osomabhizinisi kanye nomphakathi ukuze sikwazi ukuthuthukisa izimpilo zabantu baseThekwini.

Sizoqhubeka nokuphucula izimpilo zabantu ngokuthi usheshise ukulethwa kwezidingongqangi, ukukhulisa umnotho, ukudala amathuba omsebenzi, ukuthuthukiswa komphakathi kanye nzeindawo zasemakhaya.

Ukufika kwabantu besuka ezindaweni ezisemakhaya beya emadolobheni ngenye yezinto ezibalulwe iUnited Nations Habitat lapho ithe ngonyaka ka-2050 abantu bazobe sebehla ezindaweni ezingamadolobha amakhulu. Lokhu kwenziwa wukuthi basuka emakhaya bezofuna imfundo kanye namathuba emisebenzi.

Yingakho-ke kumele siqaphele ukuthi sithuthukise izindawo zasemakhaya ukuze labo abathanda ukusebenza khona bakwazi ukwenze njalo.

Eminyane yemikhakha yomnotho ebalulekile ezindaweni ezingamakhaya kanye nezokuvakasha.

Phezu kwalokho kumele sibe nezinhlelo zokuthi izindawo ezingamadolobha zikwazi ukubhekana nenani elidlulele labantu kanye nezidingo zabo.

Umnyango wezezindlu eMkhandlwini usohlelweni lokuqinisekisa ukuthi abantu abahlala ezindaweni eziseduze nemihosha, emijondolo kanye nasezindlini eziqahisayo, bazi ukuthi sizobabeka phambili kwezentuthuko. Zonke izindlu ezintsha sizokwakhiwa bese ziphasiswe ngokwemigomo yeNHBRC.

Sizophinde sibheke kabanzi indlela esikhipha ngayo izindlu ukuze siqinisekise ukuthi sibhekelela kuqala izidingo zabantu abadla imbuya ngothi. Sithembisa ukuphatha uMkhandlu ngendlela esemthethweni nengenayo inkohlakalo.

Ukuze sikwazi ukufeza konke lokhu, kumele sisebenze ngokubambisana. Siyazi ukuthi sihlalelwe wumsebenzi onzima wokuqeda imijondolo sihlinzeke ngezindlu ezifanele.

Sizosebenza kanzima ukufeza lo msebenzi ngempumelelo!

Ngiyabonga!